

IZIGI

THE OFFICIAL NEWSLETTER OF SAFDA
NOV.2021 - FEB.2022



RV PRICE OCTOBER 2021: R5 333,46 (An increase of R70.80 vs September 2021). D Factor 0.450940

**PG
03**

Ukukhokhelwa kwabalimi
abasathuthuka
embonini



**PG
05**

Umhlangano wonyaka
we-SAFDA ka 2020/21



**PG
06**

Umanyolo
we-SAFDA



**PG
07**

i-SAFDA idudula
amashinga



CONTENTS

- 3 Ukukhokhelwa kwabalimi abasathuthuka embonini >
- 5 Umhlangano wonyaka we-SAFDA ka 2020/21 >
- 6 Umanyolo we-SAFDA >
- 7 I-SAFDA idudula amashinga >
- 8 I-SAFDA yethula imisebenzi emihle esithangamini sabezindaba >
- 9 Ukuiswa kwezitshalo zase-Melmoth >
- 11 Ama-profile amafamu e-SAFDA >
- 12 U-SAFDA uhlanganisa abalimi baseMpumalanga ukuze bavuselele umoya wokukhula >
- 13 I-SAFDA Logistics >
- 14 Thuledu Biyela- Industry Affairs Analyst >
- 15 Ushintsho olunzima olwenzeke embonini lulethe injabulo kumlimi oneminyaka engu-84 nakwabanye abaningi >

Ukukhokhelwa kwabalimi abasathuthuka embonini

Inhlangano ye-South African Farmers Development Association (SAFDA) iphinde yabungaza okunye ukunqoba kwabalimi bethu. Kumhlangano obusingathwe ngo Nhlanguana nonyaka, iBhodi le-South African Sugar Association (SASA) ligunyaze isigaxa semali esisha labalimi abasathuthuka ellilinganiselwa ku R60 million. Lokhu kuhambisana ne-Master Plan yemboni kashukela ehlose ukunikeza abalimi abasathuthuka uxhaso nokwenza ukuthi bazinze.

Abalimi embonini kashukela bakhokhelwa ngohlelo olwaziwa nge-Recoverable Value (RV) oluthathela emalini etshalwa ngesikhathi kwensiwa umkhqiqizo ukuze kuqinisekiswe izinga eliphezulu lomsebenzi. Ngenxa yezimo zomnotho ezingezinhle, amabanga amade abheke emishinini yokugaya umoba, nokungabi namandla okuba nemishini nezinsiza okungezabo, abalimi abasathuthuka bakuthola kunzima ukukhipha umkhqiqizo osezingeni eliphambili. Intengo ye-RV yakhiwe imali etholakala uma kudayiswa ushukela odayiswa imboni ezimakethe zakulelizwe nakwamaye amazwe. Kushukela, izimakethe zaphesheya azikho esimweni esihle, kulahleka inzuso. Lokhu kwenza abalimi abasathuthuka bengangenelwa imali. I-Premium Price izokwenza amanani abalimi ahambisane nezimakethe zakulelizwe futhi kubuye nemali elahleka ngenxa yezimakethe zaphesheya futhi izolungisa izimo ezingezinhle ezihlobene nezikalo kanye nezindawo okuvela khona abalimi.

I-SAFDA yasungulwa ngo-2015 ukuze

ibhekane nokushabalala kwabalimi abasathuthuka embonini nokuqinisekisa ukuthi abalimi abamnyama bayazinza embonini obekuhlale kunzima ukuthi bazine kuyo phambilini. "Kufanele sikujabulele ukubona i-SAFDA iletha intuthuko ebonakalayo kubalimi esikhathini esincane yasungulwa. Le-premium price ayizifikelanga nje kalula. I-SAFDA ime yaqina ngesikhathi abanye abadlala indima embonini futhi asebemkatshubomvu behala ngezintengo eziphezulu. Thina sibakhumbuzile ukuthi abalimi abasathuthuka kufanele kube ibona abokuqala uma kukhulunywa nge-Master Plan," kusho uDkt Siyabonga Madlala.

Ukukhokhelwa i-premium price kuzokwengeza ezinhlelweni zoshintsho ze-SASA ezagunyazwa zingma-29 kuLwezi ngowezi-2018 ezazilinganiselwa ku R1 billion esikhathini seminyaka emihlanu (5). Ngokwe-Transformation Fund, u-R200 million unikezwu abalimi ngonyaka okuhambisana nezinhlelo eziyi-8 ezashintshwa imboni ukuze kubhekelelwe ezinye izidingo ezifana nesikhwama somfundaze wemboni futhi nokuxhasa ucwaningo olubeka ibalazwe eliveza umthelela woshintsho oselwenziwe embonini kashukela.

Kwimali isiyonke eyabelwe izinhlelo zoshintsho ngo 2021/22, abalimi abasathuthuka bathole u-R118 million abanikezwu wona. Abalimi abangaphansi kohlelo lokubuyiselwa komhlaba bathole u-R51 million. Itafula ellandelayo liveza izinhlelo zoshintsho ne-Premium Price ekhokhwayo nama-rates asebenzayo.

Ukukhokhelwa kwabalimi embonini kashukela ngo 2021/22

	Isamba	Isikhathi sokukhokha	Ireyithi
Abalima ngokuncane			
Ungenelelo 1	R44 million	80 % ukhokhwe ngekaNtulikazi nonyaka, mese kubanjalo ngenyanga kusukela ngekalwezi nonyaka. Esele izokhokhwa ngekaMasingana ngowezi-2022.	Imali elinganayo ewu R17,69 ngethani
Ungenelelo 1A	R43 million	80% uzokhokhwa ngekalwezi nonyaka. Esele izokhokhwa ngekaMasingana ngowezi-2022.	Imali elinganayo ewu R17,29 ngethani
Ungenelelo 3	R23 million	80% ukhokhwe ngekaNtulikazi nonyaka, kwase kubanjalo ngenyanga kusukela ngekalwezi nonyaka. Esele izokhokhwa ngo-ngekaMasingana ngowezi-2022.	Imali elinganayo ewu R 8,65 ngethani
Ungenelelo 5	R8 million	80% ukhokhwe ngekaNtulikazi nonyaka, bese kubanjalo ngenyanga kusukela ngekalwezi ngowezi-2021. Esele izokhokhwa ngekaMasingana ngowezi-2022.	Imali elinganayo ewu R 3,01 ngethani
I-Premium Price	R60 million	100% ukhokhwe ngo January 2022.	Imali yesikhashana ewu R31,41
I-Supplementary Payment Fund	R71 million	100 % ukhokhwe ngo March 2022	Isikali sihambisana namathani
Seyiyonke	R249 million		
Umkhakha wokubuyiselwa komhlaba			
Ungenelelo 2	R51 million	NgekaNtulikazi nonyaka. Ukukhokhelwa kwabalimi ezinyangeni ezilandelayo abangenayo ku- Ngenenelo 2. Esele izoba ngekaMasingana ngowezi-2022.	U-R 65 000 uzokhokhwa kanye ngokwe-Grower Code. Esele izokhokhwa izoba ngekaMasingana
Total	R51 million		

I-SAFDA iyakuthokozela ukubona ushintsho oluvelo ngemuva kwemizamo yayo nezingxoxo ezzinzima ezisingathe ezithangameni zemboni ezahlukene. Sinesiqiniseko sokuthi lokhu kuzoba nomthelela omuhle kubalimi bethu. Sebezokwazi ukuba nemali abayidingayo ngesikhathi ezibalulekile uma kungavunwa futhi bazokwazi ukutshala imali ezothuthukisa umsebenzi wayo ukuze banyuse inzuko futhi basebenzise ithuba lamanani kamoba. Konke lokhu osekuhlanganisiwe kuzosiza abalimi abathwele kanzima ukuthi balungise isimo futhi bazinze embonini.

Sibonga ozakwethu embonini abamukele futhi bakhombisa ukuzimisela ekwenzeni ushintsho embonini yethu okusho ukuthi abalimi bethu bazozinza embonini iminyaka eminingi ezayo.



Umhlangano wonyaka we-SAFDA ka 2020/21



Ngomhlaka 20 kuMandulo nonyaka, inhlango ye-South African Farmers Development Association isingathe umhlangano wayo wonyaka wesithupha emahhovisi amakhulu KwaShukela. Kulomhlangano owaziwa phecelezi nge-Annual General Meeting (AGM) bekukhona izithunywa ezingama-50 ebeziphuma ezindaweni ezahlukene esisebenzisana ne-SAFDA, okubalwa kuzo nezase-Mpumalanga. Imihlangano ye-AGM ibaphakathi kwabantu abanamasheya kanye neBhodi labaqondisi benkampani. Ingalesikhathi lapho abaqondisi nalabo abanamasheya behlangana ukuze abaqondisi bathole ithuba lokuveza umbiko wonyaka wenkampani. Ngaphezulu kokunikeza labo okubanjisenwe nabo ebhizinisini ithuba lokudlala indima ebhizinisini, i-AGM iyisdlangalala sokwabelana ngolwazi, ukudingida izindaba kanye nokwenza izinqumo.

Ngaphambi
ngokusemhethweni
amalungu eSAFDA

kokugala
kwe-AGM,
abambe

umthandazo, lapho ethandazele khona izinkinga okubhekenwe nazo kulonyaka. USihlalo Olawulayo, uDkt Siyabonga Madlala, ugcizelele ukuthi lonyaka ubunzima ezimpilweni zabantu. "Lonyaka ubuhluke kakhulu futhi unzima. Siqale unyaka wezimali ngesikhathi izwe livatelekile ngenxa ye-COVID-19. Lokhu kubenomthelela ohlukile ezweni lethu nakubantu bakuleli. Amabhzinisi awile. Abantu balahlekelwe umsebenzi. Abanye bashonile okulethe usizi ezihlobeni zabo. Silahlekelwe abalimi ngalesikhathi futhi ngithanda ukudlulisa amazwi enduduzo kubo bonke abalahlekelwe izihlobo zabo," kusho uDkt Madlala.

Amazwi okwamukela aSihlalo alandelwe amazwi aSekela-Sihlalo, uLindiwe "Lee" Hlubi, obize i-SAFDA esidlangulareni nge-tsunami engabambeki enyakazisa futhi eletha ushintsho embonini kashukela. "Siyithemba lokugcina lezinkulungwane zabalimi abasathuthuka nalabo abangaphansi kohlelo lokubuyiselwa

komhlaba eNingizimu Afrika. Akufanele sibenzele phansi! Sisanda kuphuma esikhathini esinzima esifundazweni. Imibhikishoenodlame esanda kwenzeka, esasiyigcine ngaphambi kuka 1994, ibalimaze kakhulu abalimi bethu. Abalimi abangaphezulu kuka 34 bashiselwe umoba amalungu omphakathi. Ngokwezimali, umonakalo walemililo ebashelwe ufinyelele ku R37 million," kusho uHlubi.

Kwisetsholo esenziwe i-Chief Financial Officer se-SAFDA, uweze ukuthi inhlango isebezenze kanjani konyaka wezimali ka 2020/21. Kumbiko we-Mfuyi Business Services Audit, akutholakalanga lutho okungajwayelekile, okufakazele ukuthi inhlango yenze izinqumo ezinhle ngokwezimali. Kumbiko ka CFO, abalimi baveze ukukhathazeka ngokwehla kwezibonelelo zikahulumeni ebezitholwa inhlango konyaka wezimali odlule ngenxa yobhubhane lwe-COVID-19 njengoba uhulumeni bekufanele acaze imali ezindaweni ezahlukene. Lombiko wonyaka othulwe kwi-AGM kanye nezinye izitati mende zezimali zamukelwe ngempumelelo.

Umanyolo we-SAFDA

I-SAFDA

inesizinda
sokwakha umanyolo

esise-Cato Ridge, eThekini.

Inkampani ye-SAFDA Fertilizer isungulwe ngekaMandulo ka 2018, okwenzeke ngemuva kokuthi i-SAFDA ibone isidingo sokuzenzela inkampani eyenza umanyolo ukuze kunciphe izindleko zikamanyolo kubalimi. Abalimi bachitha imali eningi ezintweni zomsebenzi okubalwa kuzo umanyolo. Lenkampani idayisa umanyolo wayo ngamanani aphansi angenayo intela. U-Dennis Kondonis, okunguyena ophethe lesizinda uthi yonke into ihamba kahle. Njengoba sekusondele isikhathi sokukhulisa izitshalo izinto sezimatasa. "Umsebenzi uyanda, ikakhulukazi kubalimi basemakhaya abathanda umanyolo wakwa-SAFDA. Inani liphansi uma liqhataniswa nakwezinye izindawo," kusho u-Kondonis. Isizinda samanyolo sa-SAFDA yisona kuphela esikwazi ukuhlanganisa uhlolo oluthile (uhlolo lwe-coated urea) e-KZN, okwenza sibe ngesihamba phambili uma siqhathaniswa namanye enza umsebenzi ofanayo.

Abalimi bomoba kubukeka bewathokozela amanani aphansi ahambisana nokuthenga umanyolo wakwa-SAFDA ngoba lokhu kwenza bakwazi ukuthenga umanyolo owanele emasimini abo futhi akudingeki baze banciphise kwezinye izinto zomsebenzi wabo. "Ngesikhathi sokukhulisa izitshalo sibona abalimi abanangi, ikakhulukazi labo abasathuthuka, bethenga umanyolo wethu ngenxa yamanani aphansi" kusho uKondonis. Lokhu sekube nomthelela omuhle egameni le-SAFDA futhi nokuthi izinto ezisetshenziwelwa ukuhlanganisa umanyolo zihamuka ezindaweni endaweni.

Noma isizinda siqale ukusebenza ngo-2018, umsebenzi omuningi usadingeka futhi kudingeka imali ezosiza kulokhu. I-SAFDA Fertilizer isebeenzisa uhlelo lapho kukhokhwa khona uma sekufike impahla, okungasiyona



into
e l u l a
k u b a l i m i .

Kusadingeka imali ukuze lesizinda sifike ezingeni elifana nezinye izinkampani ezenza umsebenzi ofanayo. UKondonis uthi inkampani isazama ukuthola usizo lwemali kuhulumeni ukuze kukhule lenkampani futhi kusizakale abalimi. "Sesithumele isicelo kuhulumeni futhi siyazi ukuthi mancane amathuba okuthi isicelo sethu sokuthola imali siphumelele ngoba izwe lonke libhekene nobhubhane lwe-COVID19 futhi imali isetshenziwelwa izinto zokulwa nokusabalala kwaleligciwane," kusho uKondonis.

Lesisizinda sikhazi ukukhiziza amathani abalelwa ku 10 000 ngokwezikhwama ngenyanga, kanti ngosuku isizinda sikhiziza amathani angu 450 ezikhwama. Izibhelu equbuke KwaZulu-Natali nase-Gauteng ebekhona maphakathi kwalonyaka, lapho kutatshwe futhi kwashiswa khona amabhizinisi, awasichaphazelanga isizinda samanyolo sakwa-SAFDA; noma ibhizinisi belihamba kancane lapho abasebenzi abalinganiselwa ku-80% bebengakwazi ukusebenza. Noma i-sizinda singalimazwanga kodwa uhwebo lwahamba kancane njengoba abasebenzi babengakwazi ukusebenza futhi besingakwazi ukuhambisa izimpahla zokusebenza njengoba isifundazwe besiphazamisekile futhi yonke into imile. Manje yonke into isibuyele esimwени nesizinda sesisebenza ngokuphelele," kusho u-Kondonis.

Abalimi abanangi be-SAFDA, ikakhulukazi labo abesembonini kashukela, bahlomulile ngokudayisa umanyolo kwe-SAFDA ngoba amanani ephansi. Uma unemibuzzo ngamanani komanyolo wakwa-SAFDA ungaxhumana no-Ayanda Khulu ku 060 547 4240 noma umthumele i-imeyili ku akhulu@sa-fda.org.za

Ngokunxenxwa yimiphakathi ebinengkile ngokuxhomondela kwamashinga e Democratic Alliance, i-SAFDA ihole inhlabaluhide enkulukazi ebibhekiswe emahhovisi amakhulu alenhlangoano i-DA KwaZulu-Natali. Umyalezo ubucacile, iSAFDA ibifuna u-Annette Steyn ayeke ukwakha uqhekeko emiphakathini ehlomulayo embonini, okuzodala ukungazinzi nombango phakathi kwayo, futhi okuzovulela indlela labo ababephethi imihlaba yase-Melmoth ukuthi baphinde baphathe. I-SAFDA icele u-Annette Steyn, oyilungu lePhalamende le-DA ngaphansi kweKomidi le-Zolimo, Uguquko kweZomhlaba, Nokuthuthukiswa Kwezindawo Zasemakhaya, ukuba agwinye amazwi esitativimende esingenaso isisekelo asishicilele kwisizindalwembu se-DA nasezinkundleni zokuxhumana nge-SAFDA, okungukucwasa futhi kuhlose ukwakha ingxabano nombango emiphakathini yabantu abamnyama. "I-SAFDA iyayihlaba futhi ayihambisan indlala yokuziphatha kwakhe enokucwasa, lapho asola khona iSAFDA ngokusebenza ngokungemthetho ne-Department of Agriculture, Land Reform and Rural Development (DALRRD). I-SAFDA akusiyona kuphela inhlango ethola uxhaso lwezimali kulomkhakha," kubeka uDkt Siyabonga Madlala, uSihlalo Olawulayo we-SAFDA.

Kukhona izinhlangano ezicheme nabamhlophe okungezona ezikhulumeni nezinkampani ezizimele, ezinye ezisebenza embonini kashukela ezinezinhlelo zokusiza abalimi ngemali yoxhaso lukahulumeni; kodwa u-Steyn uhlasel inhlango yethu ngendlela engafanele ngoba enombono wokuthi noma ngabe yini ephethwe abantu abamnyama inomkhonyovu. I-SAFDA iphoxeke kakhulu ngokuthi i-DA noma u-Steyn abafikanga ukuzokwamukela incwadi yezimfuno kwinhlabaluhide, yize besixhumene nabo ngayo kusanesikhathi futhi sizivezile izizathu zenhlabaluhide yethu ngokuhambisana nomthetho

womhlangano ka-Section 4 esiwubambe nezinhlaka zomthetho okuhambisana nomthetho we-Regulation of Gatherings Act, Act 205 ka 1993. "Siphoxeke kabi ngokuthi akekho noyedwa we-DA okwazile ukuzokwamukela incwadi yezimfuno yethu, kodwa lokhu akuwuqedanga umoya wabalmi bethu abebesuka ezindaweni ezahlukene zase-KZN nase-Mpumalanga ukuzoveza ukungagcuseki ngesitativimende sika Steyn," kusho uDkt Madlala.

Ngale kwenhlabaluhide, i-SAFDA isazimisele ukuxosisana noma ukuhlangana ne-Portfolio Committee le-Agriculture, Land Reform and Rural Development ukuze icacise ngemibuzo eqhamuka ku Steyn ngoba i-SAFDA akukho ekufihlayo. "Njengamanje sesibhalele uSihlalo lapho simcela khona ithuba lokukhuluma nekomidi labo". Umbiko ochaza ngamaphrokthi esiwenzayo uthunyelwe kulomkhakha, okukhulunyiwe ngawo no-Steyn, kucaciswa ngokusobala ukuthi sizifezile izinhloso zenhlangano, okubalwa kuzo ukusebenzela nokubeka phambili izidiso zabalimi bethu. Siphinde senza umsebenzi ohambisana nezinhloso nomsebenzi womkhakha. Izimali zoxhaso u-Steyn akhuluma ngazo zidlale indima enku kubalimi bethu abanangi abebesokola ngemali yokuthenga izinsiza-kusebenza kumafamu abo.

I-SAFDA idudula amashinga



Ezinyangeni ezimbalwa ezedlule, inhlango ye-South African Farmers Development Association (SAFDA) isingathe umhlango nabezindaba emahhovisi amakhulu emboni kashukela eMount Edgecombe. Ngalesithangami nabezindaba besihlose ukuveza izindlela okusebenza ngayo amaphrojekthi akwa-SAFDA, uxhaso lwezimali nezinhlelo eziqinisekisa ukuthi umsebenzi wenziwa ngendlela. UDkt Siyabonga Madlala, uSihlalo Olawulayo (Executive Chairperson) we-SAFDA uqale waveza amazwi oxhaso kosethathe zikaZulu, iSilo uMisuzulu kaZwelithini. "Siwu SAFDA sithanda ukuveza ukweseka ngokuphelele iSilo, sinesiqiniseko sokuthi njengabalimi sizobenzisana kahle naye njengomgcini-mhlaba wakulezindawo esilima kuzona," kusho uDkt Madlala.

Ekhuluma nabezindaba ngemali yoxhaso esetshenziselwa amaphrojekthi akwa-SAFDA, u-Anwhar Madhanpall, owuMeneja-Jikelelewe-SAFDA Farm Management Services, uthe imboni ilahlekelwe umkhiqizo ongu-23% ngenxa yezinga eliphezulu loshukela ovela kwamanye amazwe angaphandle, okwenzeke ngesikhathi lapho abalimi abasathuthuka bebebhekene khona nezinkinga eziningi ngenxa yokulahlekelwa inzuko. I-SAFDA ifake isicelo kwi-Department of Rural Development and Land Reform ukuthi kusizwe labalimi obesekusele kancane balahle izihlangu emsebenzini wabo wokulima. "I-SAFDA isayne isivumelwano sokusebenzisana kwenye yamaphrojekthi esaziwa phecelezi nge-SLA noMnyango, nalapho kukhishwe uR71 million ukuze usize abalimi abasathuthuka ngomanyolo," kusho uMadhanpall. Kube sekunikezwa abalimi abantu-9594 izikhwama zikamanyolo ezingu 213 750 sezihlanganisiwe. "Abalimi banikezwe izikhwama ezinhlanu zomanyolo nge-hakela ngalinye, okusho ukuthi abalimi bavuselele amahakela angu-42 750 kamoba ekupheleni kwephrojekthi", kubeka u-Madhanpall. Uphinde wathi ukube abalimi abatholanga lokhu kwesekwa bebezophoqeleka ukuthi

I-SAFDA yethula imisebenzi emihle esithangamini sabezindaba



baboleke izimali emabhange ukuze benze lomsebenzi emasimini abo omoba.

Ekhulumela Umthonjaneni Farmers Association, uSihlalo uMntwana Mandla Zulu uthe labo ababephethu umhlaba ngaphambilini bakhiphe uhlobo lweisivumelwano sokuboleka umhlaba seminyaka engama-35, ebeshlonza Ukuhlanganyela engu 30/70 ebeszivuna bona njengoba bebezoba nengxenye engama-70, abanikazi abasha babe nengxenye engama-30. "Imiphakathi ize ku-SAFDA ukuzothula olunye uhlelo olungafani nalolu obeluhlongozwa ilabo ababephethu umhlaba phambilini. I-SAFDA ithule uhlelo lokuphatha ngokubambisana lapho imali engenayo izoya kubalimi okufanele bahlomule kanye no-5% ozoya kwi-SAFDA, lapho kubhekwa khona izinga lomsebenzi owenziwe. Ama-Community Trust amane kwamahlanu akhethe uksebenzisana ne-SAFDA," kusho uZulu.



**I-SAFDA ifake isicelo kwi-
Department of Rural
Development and Land
Reform ukuthi kusizwe
labalimi obesekusele
kancane balahle izihlangu
emsebenzini wabo
wokulima.**



Amaplazi eSAFDA

Ukuwiswa kwezitshalo zase-Melmoth

Inhlangano ye-SAFDA inesivumelwano sokupaththa ngokubambisana nemiphakathi emine yase-Melmoth okungeyase-Ntembeni, Isizwe Sakwa-Dludla, Emakhasaneni kanye nendlu yaseBukhosini yase-Ntembeni engaphansi koMasipala wase-Mthonjaneni. Lamafamu aqashe

ngokuphelele abantu abangu-50 nabesikhashana abangu 350 futhi imiholo yabo idlala indima enkulu emnothweni wase-Melmoth namaphethelo. Sikhulumha nomunye wabasebenzi abayitoho Emakhasaneni, uthe noma efisa ukuqashwa ngokuphelele, kodwa uyabonga ngokuthi uyakwazi ukubeka ukudla etafuleni. "Imisebenzi ayikho kulezinsuku; angisiyena umuntu okhethayo uma kukhulunywa ngomsebenzi , inhloso yami enkulu ukondla umndeni wami," kusho lomsebenzi oyitoho emasimini atshala ukotapheya.

Ngesikhathi u-SAFDA uqala eMelmoth ngo 2020, inhloso enkulu yenhlangano bewukwakha uhlelo lwabantu abaneziqo obeluzoba ngaphansi kohlelo lokudlulisela amakhono futhi olube impumelelo njengoba abantu abayisithupha sebenyuselwe ezikhundleni

zokupaththa emkhqizweni kakotapheya, izingodo kanye nomoba. "Siyaziqhenya kakhulu ngomsebenzi esesikwenzile nezinhloso esesizifezile kusukela kwaqala amaprojekthi ase-Melmoth. Sikwazile ukufeza izethembiso eziningi esazenza ngesikhathi sisayina isivumelwano, esikwenze ngesikhathi esincane," kusho uDkt Madlala. I-SAFDA iphinde yahlela ukuqeqeshwa emkhqizweni kamoba nokupathwa kwezimali ukuze kunikezwe ulwazi ama-Trustees nabaQondisi kumabhizinisi abo ahlukene embonini kashukela.

Abe-Department of Agriculture, Land Reform and Rural Development (DALRRD) sebegunyaze isibonelelo semali elinganiselwa ku R66 million yalemiphakathi emine ebambisene ne-SAFDA. Lesibonelelo sizosetshenziselwa ukuthenga imishini, izinsiza-kusebenza kanye

neminye imisebenzi yezolimo yalemiphakathi kumafamu. Lokhu kungenelela kwalomkhakha ngokubambisana no-SAFDA kuzokhulisa inzuso ngoba lephrojekthi angeke isathembela emishinini ebolekiwe.

Izinhlelo zokuvuna zase-Melmoth

Umoba

Ngosizo Iwe-SAFDA Logistics, iSAFDA isikwazile ukuwisa nokuthutha amathani angu-76 000(I think this number can be updated) omoba, kwatholakal ingenisomali elinganiselwa ku R33 million emiphakathini emithathu.

Ukwatapheya

i-SAFDA ikwazile ukuthola izitifiketi zegunya ze-GLOBAL GAP ne-SIZA, ezinikeza igunya lokuthumela ukwatapheya kwamanye amazwe. Iphinde yakwazi ukuthola i-Fruit Farm



Group (abangabesibili kwabathumela ukwatapheya kwamanye amazwe) ukuba babhekisise izitshalo. i-SAFDA idulisele imali yokusebenza emiphakathini ukuze ikwazi ukuthenga imishini efafaza futhi inakekele amafamu kakwatapheya.



Izingodo

Ngemuva kokuqubuka kwe-COVID-19, izimakethe zokudayisa izingodo kwamanye amazwe zixhugeli. UMONDI no-SAPPI balahlekelwe izinkontileka eziningi zokuthumela izingodo kwamanye amazwe, okwenze banciphisa izivumelwano abanazo nabalimi. Lemiphakathi emithathu ayikwazanga ukuthola izivumelwano zokuthumela izingodo kwa-MONDI nakwa-SAPPI. i-SAFDA kodwa ikwazile ukusayina izivumelwano nezinkampani ezizimele ezinezinkontileka zokuthumela izingodo ngaphandle futhi umsebenzi ubuwenziwa kumafamu ase-Ntembeni naseMakhasaneni Uma kungangeneki ngaphambili, i-SAFDA ijjikela eceleni nangasamuva ukuze kusizakale imiphakathi.



I-Vuka Usebente Agricultural Co-op- Mpumalanga ye-SAFDA

I-Vuka Usebente ebiyaziwa nge-Mangweni Dairy Project e-Komati iqale ukusebenza ngaphansi kwe-SAFDA ekuqaleni kon-yaka wokutshala ka 2020. Ku-vuselelw izinhlelo zaphambilini ngalephrojekthi lapho abalimi be-bebhakene khona nezinkinga zokuvalwa nokuphucwa kwamafamu ngenxa yokuhluleka kwazo lezhinhelelo. Loluhlelo olunama-hectare angu-76 luxhaswe ngemali ebolekiwe yakwa-Akwandze Agriculture Finance. Kusaqalwa loluhlelo, i-SAFDA ibeke umphathi wefamu u-Brian Shongwe oqale lephrojekthi njengefamu elisha likamoba. Sekuhlahlw okokuqala kwingxenye engamahakela angama-40 yalelifamu futhi kwakhishwa inzuko efinyelele ku R220 000 kumalungu ayisishagalolunye alo. Ngaphezu kwenzuzo, i-Vuka Usebente isidale amathuba omsebenzi njengoba kuqashwe ngokuphelele amalungu amane (4) nabantu bomphakathi abadlule ku-15 abenza umsebenzi wokunakekela ifamu emphakathi ni wase-Mangweni e-Nkomazi. Osonkontileka abane bendawo bathole amathuba emkhakheni wokulungiswa kwendawo, izindawo zamanzi, onogada nokuhlahla.

U-Gabisile Mkhonto ongomunye wabanini bamafamu abangaphansi kwe-Vuka Usebente Co-op uthi baqale umsebenzi wokuthola umhlaba wabazali ngo-2014

kodwa babhekana nezinselalo ngokwezimali ngaphambi kokuzwa nge-SAFDA. "Ngemuva kwemizamo eminingi yokuqala kabusha umsebenzi kumafamu sisishe salahla ithembu ngoba besing-alutholi usizo futhi besingazi lutho ngomsebenzi wokulima ngaphambi kokuzwa ngo-SAFDA ngo-2019 lapho sesizolahla khona ithembu, i-SAFDA isibuyisele ithembu futhi yasisiza ekuqaleni ngokusitholela usizo Iwemali kwi-Job's Fund nemali-mboleko yakwa-Akwandze, (okuyindawo yezimali embonini yezolimo)," kusho uGabisile.

U-Brian Shongwe oyi-SAFDA Junior Farm Manager unikezwe umsebenzi wokunakekela le-plant futhi se-kwenziwe umsebenzi oyimpumelelo ukuqala lomsebenzi. Sikhuluma no-Shongwe obekulelifamu uthe bekuyihlathi nje ngesikhathi eqala ukuhlola ngesikhathi amukela isicelo sokusiza abalimi abasathuthukisa abese belahkelwe ithembu lokuvusa amapulazi abazali babo. "Ngiqale ukusiza lomfelandawonye ngo 2019 ngokubazamela usizo Iwezimali esiyisebenzisele ukuqala umsebenzi njengoba lelipulazi belingasebenzi kuleminyaka eyishumi edlule, lapho bekufanele siqale khona ngokulungisa izinto eziningi okubalwa kuzo ukutshala nezinye izinto ezibalulekile ekuqaleni kwaphrojekthi. Ngenhlanhla sikwazile ukuthola imali kwi-Jobs Fund ey-

enze sakwazi ukuqala umsebenzi ngo-Meyi 2020, lapho sitshale khona amahakela angama-46 walomhlaba futhi ngekaMandulo sakwazi ukutshala endaweni es-ele", kuso uShongwe.

I-SAFDA ikwazile ukubuya isithembu kabantu abanigi ebeselibaph- elele ngokuba ingxenye yemboni yezolimo ngoba ziningi izihibe ikakhulukazi izidingo zemali. Lelipulazi lingelinye eliyisibonelo esihle somsebenzi owenziwa i-SAFDA wokusiza abalimi abasathuthuka ikakhulukazi abamnyama. I-SAFDA esungulwe eminyakeni embalwa edlule isikwazile ukwenza umsebenzi osuhlule izinkampani ezineminyaka engaphezu kuka-50 wokuletha ithembu kubalimi futhi isibe izwi lalabo abangenalo. I-Vuka Usebente co-op iwufakazi womsebenzi omuhle owenziwa i-SAFDA, futhi isihlahle kabilo selokhu kwaqala iphrojekthi.

Loluhlelo olunama-hectare angu-76 luxhaswe ngemali ebolekiwe yakwa-Akwandze Agriculture Finance.

U-SAFDA uhlanganisa abalimi baseMpumalanga ukuze bavuselele umoya wokukhula

Njengengxene yemizamo eqhubekayo yokuqinisekisa ukuthi ubulunga beSAFDA ahlae enolwazi, iSAFDA yenze ujikeleza wemiklamo wamasonto amathathu esifundazweni selanga, iMpumalanga lapho bekuvakashelwa. Inqikithi yalojikeleza ibiwukuqwashisa ngezinsiza ezitholakala ezihlinzekwa yiSAFDA, ekubalwa kuzona i-SAFDA Management Services. I-SAFDA Management Services yinkampani eyasungulela ukulekelela abalimi emisebenzini yabo, kongeke nemali nesikhathi nokunye kuleyo misesbenzi. Phakathi kwezinje zezihloko obekudingidwa ngazwa kubalwa nalezi:

kwakhelwe ukusiza abalimi ukuhlale besohlangothini oluhle kuMqoqintela, inhlangangano ekubhaliswa kuyo izinkampani nakuMnyango Wezabasebenzi.

Ukuhlinzekwa ngamanzi ngobuningi

lapha kusizwa amapulazi asemhlabeni owabuyiswa nobolekwe abohlanga nabalima ngokuncane ngenkasa lapho kunemifelandawonye nososesheni. KUhlinezekwa ngengalasizinda yenkasa, igcine isesimweni esifanele futhi ilungiswe.

Umanyolo nokuthutha



lapha kugxitwe ekwaziwensi kwabalimi ngezibathintayo, uhlelo Iwezimbewu, ungenenelo lokusiza, umahhlala embonini noMafisa lapho kuhlinzekwa ngesikweletu sokuthenga umanyolo njengohlelo lokunakekelwa kwezitshalo, nokutshala kabusha amafusi. Usizo Iwezimali lungatholakala kwimiklamo ethile edinga ukufakelwa noma ukulungiselwa inkasa.

Ujikeleza ube yimpumelelo enku lu njengoba uthanyelwe yizithunywa ezivela kwimiklamo engapezulu kwe-15. UMoses Mkhabela, owuMphathi-Jikelele waseMpumalanga, uthe abalimi badinga ukuhlale bazisa ngezinto ezibathintayo. "Kubaluleke kakhulu ukugcina abalimi benolwazi ngezinto ezenzeka embonini

yabo, okuvuselela uthando abanalo ngenhlangano yabo, futhi kukhombise ukuthi indima abayidlalayo ibalulekile", kusho uMkhabela.

Abalimi abebethamele lojikeleza abagcinanga ngokwaneliseka kepha bakhululeka. Izingxoxo zibanike ithuba lokucaciseleka ngezinto ebezifiphele. U-Ernest Mashabane, owuShlalo Wabalima ngokuncance eKomati, ubalule ukubaluleka kwethuba alibone njengelifike ngesikhathi esikhale kakhulu. Ubone ukuthi ujikeleza ube yithuba lokuthola izimpendulo. "Abalimi banemibuzo esihlulekayo ngesinye isikhathi ukuyiphendula ngokwenelisayo", kusho uMashabane



i-SAFDA Logistics

Inkampani i-SAFDA Logistics njengamanje inamaloli angu-25 asiza abalimi ezindaweni ezahlukene. Lamaloli abhekelele imishini eyisikhombisa, ebalwe ngezansi:

Sezela Mill – **Iloli elilodwa**

Mfolozi Mill – **Iloli elilodwa**

Gledhow / Maidstone Mill – **Amaloli amabili**

Pongola/Jozini Mill – **Amaloli amane**

Felixton /Matigulu Mill – **Amaloli ayisikhombisa**

Melmoth – **amaloli amahlanu asebenzisa i-Felixton Mill.**

Mpumalanga – **amaloli amahlanu ephrojekthi yase-Mpumalanga.**

Lena inyanga yesihlanu kuqale ukusebenza i-SAFDA Logistics ngaphansi kobuholi obusha nabasebenzi. Lenkampani isikwazile ukuhambisa umoba olinganiselwa ku 85% emishinini yonke abhalwe ngaphezulu. Njengazo zonke izinkampani ezintsha, lenkampani isabhekene nezinselelo zokugculisa nokwenzela abalimi umsebenzi osezingeni eliphambili, okudalwa ukuthi izimoto zibuye zife, imibhikishoemigwaqenikanyenokuma kwemishini egayayo. Wonke amaloli ethu anikezwe inani ngokwamathani esinawo. Ekuqaleni bekufanele sibe namaloli angu-30. Ngeshwa kumaloli angu-30, sigcine sesithola amaloli angu-25. Kulamaloli angu-25, angu-20 abebhekelele imishini eyisikhombisa, lawa amanye amahlanu abhekelela amaphrojekthi ase-Mpumalanga. i-SAFDA Logistics ihlanganisa elinye icebo lokwengeza amaloli azolekelela umsebenzi omuningi okhona ongenzeki ngenxa yamaloli amancane akhona njengamanje. Simatasa ngamanye amaphrojekthi ukuze sikhombisa ukuthola izinkontileka ezizongenisa imali engeziwe ezosiza ekukhuliseni i-SAFDA Logistics ifinyelele ezingeni eliphezulu.





Izindaba zekhethelo zabesibhuda

Thuledu Biyela- Industry Affairs Analyst

UThuledu Biyela uyi-Industry Affairs Analyst yakwa-SAFDA. Uneziqoze-Bachelor of Science (B.Sc.) azithola eNyvesi YaKwaZulu-Natali lapho ebegxile ezifundweni ze-Statistics ne-Applied Mathematics; futhi une-Diploma ku-Monitoring and Evaluation; i-Diploma ku Project Management; Advanced Management Development Programme futhi umataswa uqedela i-Post Graduate Diploma kwi-

Industrial Engineering egxile kwi-Data Science eStellenbosch University. Uthi ngisho esemncane, isayensi nezibalo bekuyizifundo azithanda kakhulu," Bengazi ukuthi umsebenzi engizowenza uzobandakanya izibalo nokucabanga okujulile," kusho uBiyela.

Ngaphambi kokujoyina uSAFDA, usebenze e-Statistics South Africa njenge-Data Operations Team Leader waphinde waba yi-Regional Survey Manager. Uke wasebenza futhi njenge-Data Manager kwa-Development Research Africa, waba yi-Researcher e-Centre for Development Research and

Facilitation.

Kwabesifazane abafana noBiyela inyanga yabesifazane, inyanga yokubungaza, ukuhlonipha nokutusa impumelelo yabesifazane emhlabeni jikelele, "Ezweni lethu nasemiphakathiniyethuabesifazane bafanelwe ukubungazwa kakhulu. Abesifazane bahlanganisa iminden futhi banakekela imiphakathi yabo," kusho uBiyela. Abesifazane abanigi emhlabeni sebekuveze kaningi ukuthi kufanele babungazwe zinsuku zonke, hhayi ngenyanga yabesifazane kuphela. Kukhona isisho sesiZulu esithi "Intandane enhle umakhothwa unina" okuchaza ukuthi ingane ekhuliswe owesifazane inamathuba amanangi okuphumelela empilweni uma iqathaniswa nekhuliswe owesilisa.

UBiyela uthi umsebenzi owenziwa iSAFDA usondele kakhulu enhlizweni yakhe. "Okhokho bami baphucwa umhlaba ngesikhathi sobandlululo, bekufanele bona nabazali bami basebenze (ngaphandle kokuhola) kumapulazi abelungu, ubaba wami ubexoxa nathi ngesifiso sakhe sokuthola umhlaba ukuze atshalele ukudayisa. Lezindaba abezixxa zakhe uthando nentshisakalo kimi ngomkhakha wezolimo. Ngibone ithuba lokusebenzela iSAFDA njengomnyango wokusiza abalimi abamnyama futhi abasathuthuka abakhela iminden yabo ikusasa ngaphansi kwemboni yezolimo," kusho uBiyela. Uqhube wathi kuyamgcilisa ukubona abalimi abamnyama bakha amathuba omsebenzi, behkuphula umnotho ezindaweni zabo futhi bethuthukisa inhlalakahle kumalungu emiphakathi abavela kuyo.

Ukuba owesifazane osesikhundleni sobuholi ku-Biyela kusho ukuthi kufanele abe isibonelo esihle, akhe ukubambisana kwithimba lakhe, axhumane kahle nabantu, aqequeshe, abheke izinhloso ezibekiwe futhi abe yisibonelo esihle ethimbeni lakhe, kusho uBiyela. Abesifazane ngokwemvelo bayanakekela futhi bayakuqhakambisa ubudlelwano

nabanyeabantu. Lokhu kwenza bakwazi ukwenza umsebenzi osezingeni eliphezulu, okubonakala ngendlela akwazi ngayo ukukuthaza amalungu ethimba lakhe.

Umyalezo kwabanye abesifazane abasemonini yezolimo evela ku Biyela:

"Uma usebenza kanzima, uzimisela, ubekezela futhi uhlale unomqondo ophokophele phambili ungazuza konke okufisayo. Asigxile ekwakheni amandla ethu ngokufunda nokuziqeqesha. Umhlabu ngowethu. Izwelethulisidingakakhulu kunakuqala. Kumele samukele ushintsho, siphume ekunethezezeni, simile konke esikholelwa kukho. Kufanele futhi sibungaze amandla

nobuthaka esinabo, sibambisane singaqophisani. Ukuze sikhazi ukwakha abaholi besifazane abazophumela emkhakheni wezolimo, kufanele sabelane ngolwazi nalabo abasebasha emkhakheni esikuyo futhi sakhe ukubambisana nasemiphakathini yethu.

Ushintsho olunzima olwenzeke embonini lulethe injabulo kumlimi oneminyaka engu-84 nakwabanye abaningi



Izinguuko ezhlongoziwe embonini sezilethe injabulo enkulukunalaena ebilindelwe inhlango kubo bonke abalimi, ikakhulukazi uma kubhekwa ukukhokhelwa kwabalimi kwakamuva okufike ngesikhathi esihle kubalimi ngemuva komthelela omubi olethwe imibhikisho enodlame eyenzekile, ekupheleni kwekaNtulikazi nonyaka, abalimi abafanele bakhokhelwe ngaphansi kohlelo olwaziwa nge-Transformation Intervention. Ngonyaka ka 2021/22, abalimi abasathuthuka babelwe u-R118 million. Abangaphansi

kohlelo lokubuyiselwa komhlaba bathola R51 million. Sinethulela uRoselina Makwakwa, ongumlimi oneminyaka engu-84 wakwaHoyi eMpumalanga. UMake-Makwakwa uqale ibhizinisi likamoba elinamahakela ali-14.4 ngowe-1991, kanti ngaphambi kwalokhu umyeni wakhe ongasekho ubetshala ukotini kusukela ngowe-1986 kwaze kwaba ngowe-1991, okulapho yena nomyeni wakhe bengene emkhakheni kamoba. "Ngesikhathi ngithola imali ye-intervention, angikholwanga ngibona i-SMS,

bengingayilindele lemali, futhi eningi kangaka khona. Ngesikhathi ngiqeda ukuyithola ngiye esitolo esiseduze nami okudayiswa kuso ucingo lokubiya ngashintsha oludala ukuze ngivikele ipulazi lami, ukuze ngiqhubekе nokwenza amathani amahle. Lemali ifike ngesikhathi esihle kakhulu," kusho umake Makwakwa.

Uthi umyeni wakhe osewadlula emhlabeni umfundise ukuphatha ibhizinisi likamoba, ngo-1991, wakwazi ukuliphatha ngendlela encomekayo, noma eseselo

yedwa kulelibhizinisi umake-Makwakwa ngemuva kokudlula emhlabeni komyen i wakhe ngowe-1993 kodwa ulwazi aluthole kumyeni wakhe luhlale lumsiza njalo. "Umyeni wami ubehlale efisa ukuthi ngijoyine ibhizinisi likamoba, kodwa ngangilokhu nginqaba ngoba bengicabanga ukuthi kuwumsebenzi onzima owenzelwe amadoda, kodwa ngelinye ilanga ngathi angizame ngizobona uma sengibuya emasimini ukuthi ngingawenza lomsebenzi. Engingakutshela kona ukuthi angizange ngibheke emuva, into eyenzekile ne ukuthi besengizisola

ukuthi nganginqabelani yonke iminyaka," kusho umake-Makwakwa.

UMake-Makwakwa ungumlimi ozibambelayo, kanti uma ubheka iminyaka yakhe ungacabanga ukuthi uzoziphumulela anake isifo sikashukela esimhluphayo nesomfutho wegazi ophezulu nezinye izifo ezihambisana nokukhula, kodwa hhayi lentombi endala. Uthi ukholelwu ukuthi uma ufunu ukubona impumelelo kulokhu okwenzayo akumele uthembele kubantu kodwa kufanele uzenzele izinto. Kwindawo

yakhe yokulima engamahakela ali-14.5 uqashe abasebenzi abahlanu ngokuphelele asebemsebenzele iminyaka engaphezulu kweyishumi, futhi uyasho ukuthi okwenza asebenze nabantu ababodwa ingoba bathembekile kuye naye ngokunjalo uthembekile kubo. Lomlimi oneminyaka engu-84 ungomunye wedlanzana labalimi abasathuthuka abangakweleti izinkampani ezibolekisa ngemali ezifana ne-Akwanzde, okumenza omunye wabalimi bakwa-SAFDA owenza umsebenzi omuhle nosezingeni eliphambili.

